

“Angisiye owezinkolelo zobuBuddha noma ubuKhatholika. Ngimele iQiniso lodwa futhi ngishumayela iQiniso. Ungasho wena ukuthi ubuBuddha, ubuKhatholika, inkolelo yamaShayina iTaoism, noma yini nje oyithandayo. Zonke lezizinkolo ngiyazemukela!”

~uMfundisi onobuKhosi uChing Hai~

“Ngokuzuzwa ukuthula kwangaphakathi, yonke enye into siyoyithola. Konke ukweneliswa, konke ukugcwaliseka kwezifiso zomhlaba nezasezulwini kuqhamuka eMbusweni kaNkulunkulu - ukuphokophela ukuthula kokuvumelana kwanaphakade, ulwazi lwethu lwanaphakade, kanye namandla ethu amakhulukazi. Uma singakutholi konke lokhu, kaseneliswa, akukhathalekile ukuthi sinamandla noma imali engakanani, noma sinezikhundla eziphakeme kangakanani.”

~uMfundisi onobuKhosi uChing Hai~

“Imfundiso yethu ithi, noma ngabe yini okumele uyenze kulomhlaba, yenze, yenze ngenhliziyo yakho egcwele. Yiba nobuqotho bese uzinika ithuba lokucabanga nsuku zonke. Uyothola ulwazi olengezezelwe, ubuhlakani obengezezelwe, ukuthula okwengezezelwe, ukuze ukwazi ukuzisebenzela futhi usebenzele umhlaba. Ungakhohlwa nukuthi unabo ubulungisa obungaphakathi kuwe. Ungakhohlwa nukuthi uNkulunkulu uhlala emzimbeni kuwe ngaphakathi. Ungakhohlwa nukuthi kukhona uBuddha osenhliziweni yakho.”

Isingeniso

Kusukela emandulo, isintu sihanjelwa ngabantu abangajwayelekile inhloso yabo engukufukula umphefumulo. Ujesu Krestu kwakungomunye walezizihambi, njengoShakyamuni Buddha noMohammed. Labathathu sibazi kahle, kodwa baningi abanye amagama abo esingawazi; abanye babefundisa phambi kwabantu bonke, baziwa yidlanzana labantu, abanye bahlala bengaziwa. Lababantu babebizwa ngamagama ehlukenene, ngezikhathi ezehlukenene, emazweni ehlukenene. Babebizwa ngoMaster, Avatar, Okhanyiselwe, UmSindisi, uMessiah, uMama oCwebile, iSithunywa, iGuru, uSanta oPhilayo, njalo-njalo. Basilethela okubizwa ngokuthi ukuKhanyiselwa., ukuSindiswa, ukuQonda, iNkululeko, noma ukuVuselelwa. Amagama asetshenziswayo angehluka, kodwa ingqikithi yawo iyafana. Abahambeli abaphuma kuwo loMthombo Ongcwele, abanobukhulu kwezomphefumulo, nobuqotho obumsulwa, namandla okukhuphula isintu njengoba abaNgcwele basemandulo benathi namuhla, kodwa bambalwa abakwaziyo ukuba khona kwabo. Omunye wabo nguMfundisi oPhakeme uChing Hai.

Umfundisi uChing Hai akusiyo imbangi engaziwa kabanzi njengoSanta oPhilayo. Ungumuntu wesifazane, abenkolelo yobuBuddha nabanye bakholelwa ensumansumane yokuthi umuntu wesifazane ngeke abe yiBuddha. Ungowokudabuka e-Asia, abantu baseNtshonalanga balindele ukuthi uMsindisi uyofana nabo. Kodwa-ke, abanye bethu abaqhamuka emhlabeni wonke, esidabuka kwimikhakha yezinkolo ezahlukene, asebeMazi, abalandela izintshumayelo zaKhe, siyaMazi ukuthi unguBani, futhi uYini. Ukuze ukwazi lokhu, kuyodingeka ukuthi uvule umqondo wakho nobuqotho benhliziyo. Lokhu kuyothatha isikhathi sakho nokulalelisisa kuphela, lutho olunye.

Abantu bamosa isikhathi esiningi besebenzela ukuphila nokubhekana nezidingo zomhlaba. Sisebenzela ukuthi senze izimpilo zethu nezemindeni yethu ukuthi zingabi nako ukuhlukumezeka. Uma isikhathi sivuma, sinakekela izinto ezinjengezombangazwe, imidlalo, i-TV, noma ihlazo elisematheni. Labo abethu asebehlangabezane naMandla oThando lokuxhumana ngqo nobuNgcwele obungaphakathi, siyazi ukuthi kuningi okunye okukhona empilweni. Kusiphatha kabi ukuthi iZwi eliMnandi kalaziwa ngendlela ekufanele ngayo. Isisombululo sawo wonke umshikashika womhlaba ukuthi sihlele sithule ngaphakathi kithina, silindile. Siyazi ukuthi iZulu liseduze kwethu. Uyosixolela umangabe kubonakala sengathi sisha amashushu sikhuluma izinto ezingawuhlukumeza umqondo wakho. Kunzima ukuthi sithule, emuva kokuthi sesibone lokhu esikubonile, sesazi futhi lokhu esikwaziyo.

Thina esizithatha ngokuthi singabafundi boMfundisi oPhakeme, kanye nabanye abalandeli bohlobo lwaKhe lwenkolo (uHlelo lweQuan Yin), sinikela ngalelibhuku lokuqala ngethemba lokuthi lizokulekelela ukuthi usondelane nokwakho ukwelamela ukuGcwaliseka okuNgcwele, noma ngabe kwenzeka noMfundisi wethu noma omunye.

Umfundisi uChing Hai ufundisa ngokubaluleka bokuzinika ithuba lokuzila inkulumo, ucabange -meditation- ukuzihlola ngaphakathi, nokuthandaza. Uchaza ukuthi kufanele sizitholele thina ubuKhona obuNgcwele ngaPhakathi kithina - Inner Devine Presence-uma ngabe sifuna ukuthokoza ngokugcwele kulempilo. Uthi ukukhanyiselwa akusiyo into eyenzelwe labo kuphela asebegcotshiwe, okulukhuni ukuyizuzwa, etholwa kuphela yilabo abazikhiphayo emphakathini bahlale ngabodwa. Umsebenzi waKhe ukuvuselela lokhu kuBakhona Okungcwele okungaphakathi kithina, sibe siphila izimpilo eziwayelekile. Uthi: **Kunje, Sonke siyalazi iQiniso. Ukuthi nje silikhohliwe. Ngakho-ke, kwezinye izikhathi kufuneka kubekhona amuntu ozosikhumbuza ngezinjongo zempilo yethu, nokuthi kungani kufanele sithole iQiniso, kungani kufanele sizile inkulumo sicabange-meditate-nokuthi kungani kufanele sikholelwe kuNkulunkulu noma uBuddha, noma ngubani esicabanga ukuthi unguMnimandla onke eZweni liphela.** Akaphoqelesi muntu ukuthi amlandele. Usikhombisa nje ngokuKhanyiselwa kwaKhe njengesibonelo, ukuze kuthi abanye bathole iNkululeko yabo yokuGcina.

Lelibhuku liyisandulelo sezintshumayelo zikaMfundisi oNobuKhosi uChing Hai. Sicela uqaphele ukuthi lezizifundo, ukuphawula, nokushiwo kuMfundisi uChing Hai kulencwadi, zazikhulunywa nguYe, zaqoshwa, zabhalwa kabusha, mhlawumbe zihunyushwe kwezinye izilimi, bese ziyalungiselelwa ukushicilelwa. Singakucebisa ukuthi ulalele noma ubuke amatape noma amavideo aqoshwa ekhuluma. Lokho kuyokugculisa kangcono uma uzwa, futhi umbona, lapho azenza khona lezizinkulumo kunoma uzifunda. Nangaphezu kwalokho, kugculisa kakhulu ukubona Yena luqobo lwaKhe.

Kwabanye, uMaster Ching Hai unguNina, kwabanye unguYise, kwabanye uyisiThandwa. Ngokujwayelekile, unguMngane odlulele ongaba naye kulomhlaba. Ulapha ukuzonsinika, hhayi ukuthatha.

Akathathi nkokhelo yanoma yiluphi uhlobo ngezifundo zaKhe, usizo noma ukugcoba amalungu. Into ayoyithatha kuwe kuphela ukuhlupheka kwakho, usizi nobuhlungu.

Kodwa uma ngabe ukufuna lokhu!